

NGAKHO UJESU

WABUYA FUTHI WABIZA



UJohane oNgcwele, isahluko 11, kuqala nge ndima 18, Ngizathanda ukubala.

Manje iBhethani yayiseduze le Jerusalema, phose amafalongo angamatshumi lanhlanu:

Futhi abanengi amaJuda beza ku Maritha loMariya, ukubakhalela ngomnewabo.

Ngakho uMaritha, esezwe ukuthi uJesu uyeza, waphuma wayamhlangabeza: kodwa uMariya wahlala endlini.

Khona wasesithi uMaritha kuJesu, Nkosi, aluba ubukhona, umnewethu ngabe kafanga.

Kodwa ngiyazi, ukuthi loba kathesi, loba yini ongakucela... uNkulunkulu, uNkulunkulu uzakunika khona.

UJesu wathi kuye, Umnewenu uzakuvuka njalo.

UMaritha wathi kuye, Ngiyakwazi ukuthi uzavuka ekuvukeni ngosuku lokucina.

UJesu wathi kuye, Mina ngiyikuvuka, lo... kuphila: lowo okholwa kimi, loba ebefile, kodwa uyakuphila:

Futhilalowo ophilayo njalo akholwe yimi kasoze afe. Uyakholwa lokho na?

Wathi kuye, Yebo, Nkosi: Ngiyakholwa ukuthi wena unguKhristu, iNdodana kaNkulunkulu, obezakuza emhlabeni. (Futhi khangela lokho!)

Ngakhoke esetshilo njalo, wasuka wahamba, wabiza uMariya udadewabo ensitha, esithi, INkosi isibuyile, futhi iyakubiza.

² Asikhulekenini. Baba oseZulwini, qinisa lawo Mazwi enhliziyweni zethu, ngalobubusuku, lapho silindela Kuwe manje. ILizwi Lakhó, inceku Yakho, njalo lombhalo, konke kunikelwe Kuwe, eBizweni likaJesu Khristu. Ameni.

Lingahlala phansi.

³ Injongo yami ukuba lapha yikuzama ukunceda abantu bakaNkulunkulu. Hatshi kangako ukuthandaza, futhi ngibeke izandla phezu kwabagulayo, kodwa ukuze bananzelele uJesu Khristu phakathi kwethu, iNdodana kaNkulunkulu phakathi

kwethu. Sikhuluma ngalobubusuku ngesifundo lesi: *Ngakho uJesu Wabuya Futhi Wabiza.*

⁴ Manje kulesisikhathi esikhuluma ngaso, kwakuyisikhathi sokudana okukhulu. Nxa wake wabala indaba ngempilo yeNkosi yethu, sithola ukuthi WayenguMngane omkhulu walumfana, uLazalo. Waye...Ngemva kokuhamba kuka Josefa, kumbe, Wasuka njalo wazohlala loMaritha, uMariya, lo Lazalo. Futhi babe ngabangane abakhulu. Babe...Waye njengo malusi kubo, o—oqotho uMngane. Futhi bamenzela Yena into ezincane ukuba agqoke, ijazi lokugqoka, ngiyakholwa, bayatsho, njalo lalithungwe lathutsha lingela mphetho. Futhi ke babemzelele izinto Yena, ngoba babemkholwa Yena. Kwakuyibo—babekholiwe futhi bebonile lokho. Babetshiye ibandla, lokunjalo, ukuze bamlandele Yena. Futhi lokho kwakuyinto enkulu kulolo suku, okokokuthi isijeziso sakho kwakungaba yikufa, uku—ukusuka kukho.

⁵ Kodwa, uJesu, luJaha owaye ehamba ebhoda njengoba babesitsho, edabula amabandla abo, njalo ekhuluma okubi ngompristi wabo, lo—lokunjalo, Yena waye—Yena wayeyenze ukulimaza okukhulu kubo, bacabanga. Futhi—futhi ukuthi nje umvume Yena kwakuzabe kuyiku—ukuxotshwa emasinagogeni. Futhi ke nxa usuphume ebandleni, babe—babecabanga ukuthi wawu—wawungela thuba lokuhlangwa. Nxa wawungasilunga lelinye lamaqula abo, njengoMfarisi, Msadusi, kumbe okunye, kwakungela kuhlangwa nxa wawuphandle kwalokho. Futhi nxa babelelungelo, amakhiye, futhi babekukhahlelela phandle nxa babefuna. Lokho kwakungumutsho wabo. Akumangalisi uJesu wathi, “Lina, ngemkhuba yenu, lenze iLizwi likaNkulunkulu laba yize.” Bona?

⁶ Futhi manje sekuphindile njalo, ngoba sonke siyakwazi imbali iyaziphinda kanengi. Futhi ku—kuyadanisa ukutsho, kodwa kwaprofethwa ukuphindakala, njalo sokwenzakele njalo.

Sithola ukuthi uJesu wayengacatshangwa kuhle ngaye.

⁷ Izikhathi ezinengi, abantu bayathanda ukwahlulela umuntu ongavumelani labo. Akumelanga senze lokhu. Singabe singavumelani omunye lomunye, kodwa sibe lobungane. Nxa ngingeke ngivumelane lomuntu, futhi ngilokhu ngimthanda njalo ngimthandazela, futhi ngingavumelani laye phe...laye phezu kwesisekelo soMbhalo, futhi ukuze ngikhanyiselwe okungecono, ngakho angisoze ngitsho lutho kuye. Ngihlezi ngifuna ukungavumelani laye, okulobungane, ngoba ngiyamthanda, futhi ngeqiniso angi—angifuni yena alahleke. Futhi laye kumele enze into yinye lami; kasifuni ukulahleka. Futhi kumele sisekele imicabango yethu phezu kokuthi iLizwi lithini. Yekela iLizwi libe liqiniso. Hatshi isivumokholo sethu kumbe okutsho yimicabango yethu, kodwa

lokho Yena akutshoyo; kungela kuhumutsha kwensitha, kuphela okwatshiwo yiLizwi.

⁸ Ngobunye ubusuku, ngenza into ethile njalo kwangani phose akulanhlonipho, ngiyakholwa kwakusekudleni kwekuseni kwabafundisi ngenye ikuseni. Ngabeka uJesu emthethwandaba. Ngathi, “Njengoba benza ngalesosikhathi, ngakho bayakwenza lalamhlanje.” Mhlawumbe kungaba kuhle nxa ngingakuphinda okwesikhathana, nxa silesikhathi. Manje, ngathi, namhlanje sifumana ukuba. . .

⁹ Enguqukweni ka Luthela, wa, ngesikhathi salokho, wathi abalungileyo bayakuphila ngokukholwa. “Umuntu okholwayo, yena, ulakho Khona.” Kodwa abanengi babo bathi bayakholwa, futhi bengelakho Khona.

¹⁰ Ezinsukwini zika—zika John Wesley, nxa bathola isibusiso sesibili, babesibiza ngokuthi, ukuhlanjululwa, ukuhlanjululwa okugcweleyo, bathokoza bamemeza. “Wonke omemezayo, wayelakho Khona.” Kodwa bafumana ukuthi babengelaKho. Inengi labo lamemeza, futhi babengelaKho.

¹¹ Ensukwini zePentekhosti, bathi, “Manje ukubuyiselwa kweziphose sekubuyile, umbhabhathizo kaMoya. Lowo okhuluma ngendimi, ulakho Khona.” Sithola ukuthi abanengi bakhuluma ngendimi, futhi bengelakho Khona.

¹² Ngakho bathi, “Kahle, isithelo sikaMoya, yikho okuyiKho.” O, hatshi, hayi isithelo sika Moya. iChristian Science ilakho lokho, lapho okuphose. . . UThando yiso isithelo sika Moya. Ngakho, futhi balothando olukhulu ukwedlula lobangubani, futhi baphike ubuNkulunkulu buka Jesu Khristu; bembize Yena umprofethi nje, umuntukazana nje. Bona? Ngakho lokho akukwenzi khona.

¹³ Mana ngibuze lokho nje okomzuzu. Asifakeni uJesu emthethwandaba. Futhi Nkulunkulu ngithethelele ngalesi sitsho, esivela kuplatifomu, kodwa ngizaphikisana Laye okomzuzu, ukuze ngiliKhanyisele. Bona?

¹⁴ “Manje ngilani lina bantu lapha kulobubusuku; ngikhuluma lani. Ngi. . .” (Kusemuva kolunye usuku, lapho uJesu weNazaretha esemhlabeni.) “Ngiza kini, futhi okwahlulela lani phezu kwalo ndoda, uJesu weNazaretha. Manje sonke siyazi ukuthi uNkulunkulu luthando. IBhayibhili lithi Yena unjalo. Kuhle ke, njalo uthando, uMoya yiku bekezela, ububele, isineke, ubumnene, futhi lokunjalo, lothando. Manje ngithi, ngifuna ukulibuzisa enye into. Sizaya thatha esi—esikwaziyo, uMkhristu.

¹⁵ “Khangela lumpristi omdala wakho. Ukhokho-kakhokho-kakhokho-kakhulu wakhe waye ngumpristi. Kwakumele azalwe kulolo sendo lwamaLevi, ukuba ngumpristi. Sifumana ukuba, manje, kala impilo yejaha njengani lonke elaba layo. Wenzani? Uyazinikela yena, uphezulu lapha ukufunda iLizwi, iLizwi likaNkulunkulu. Uyalibala, emini lebusuku, emini lebusuku,

fuze abekwazi lonke ibala lalo, lonke ibala elisemqulwini. Kumele ebelazi ngenhliziyo. U—u, kulento nje ngalo okumele abeyazi.

¹⁶ “Futhi ke, ngaphandle kwalokho, lapho ubaba lomama wakho betshada, ngubani owababambanisayo njenge ndoda lo mfazi? Umpristi wakho omdala okhokileyo. Ngubani oweza kubaba wakho lapho elendingeko njalo ekweleda imali epulazini lakhe, kwaze kwathi abambambisayo basebefuna ukulithatha? Ngubani owammelayo? Umpristi wakho omdala olomusa. Ngubani owama lomama wakho endlini lapha lapho yena ekubeletha? Umpristi olomusa omdala. Ngubani oza kuwe nxa ugula njalo ulesidingo? Umpristi wakho olomusa omdala. Ngubani owakubusisa njalo wakunikela kuNkulunkulu, futhi wakusoka ngosuku lwesificaminwembali? Umpristi wakho olomusa omdala. Lapho ubaba lo mama wakho sebeza kwehlukana, ngubani owabaletha ndawonye, wababambanisa ndawonye? Umpristi wakho omdala olomusa. Nxa kulo hlupho esigabeni, ngubani olulungisayo? Umpristi wakho omdala olomusa. Qiniso.

¹⁷ “Manje lumpristi omdala olomusa uyakwazi ukuthi iBhayibhili lathi uNkulunkulu ufuna imvana eyomhlatshelo. Abanengi benu lingo somabhizimusi, ngakho kalifuyi izimvu, kodwa uNkulunkulu ufuna imvu. Benza izibaya phezulu ngale, bathengisa izimvu zabo ukuze o—osomabhizimisi bahambe khona futhi bathenge, benikela umhlatshelo okwemphefumulo yabo, okufunwa nguNkulunkulu.

¹⁸ “Wenzani lujaha, othiwa nguJesu? Wavela ngaphi? Bathi wazalwa, yintombi emsulwa. Ngubani owake wezwa ngamanyala anjalo? Siyazi unina wabalaye yena lo Josefa bengakazalwa, kumbe, yena lo Josefa bengakatshadi, wazalwa yena. Manje sifumana ukuthi uli—ulibizo elibi, kusukela ekuqaleni.

¹⁹ “Yiliphi ikhadi alalo lamalunga? Nxa waye yindoda ekhokileyo, wahlanganela laliphi iqembu? Lapho umpristi wakho efunda, efunda, efunda, efunda, ukwazi lelo Lizwi; nangu yena esiza, ediliza akwakhayo. Ungakuthi lokho ngu ‘Nkulunkulu’? Qiniso hatshi.

²⁰ “Manje, ngolunye usuku, lapho umpristi eselungise indawo phezulu lapha, i...futhi lapho ebelizathenga umhlatshelo, wenzani ujaha lo? Umusa? Yena watshaya, waphotha intambo, ingxoxa ethile lemicilo, njalo wakhangela ebantwini, ngentukuthelo; wakhahlela egenqula lawomatafula, futhi wabatshaya baphuma lapho. Futhi uthi lokho yizithelo zika Moya, ebakhangela, ngentukuthelo? Futhi, khangela, encitsha umuntu ithuba lakhe lokukhonza uJehova! Usomabhizimisi ufuna ukumkhonza Yena; kafuyi izimvu, futhi wayakhona ukuze

athenge. Futhi Yena wagenqula, njalo wabakhahlela, lokuba xotsha.”

²¹ Ngubani olesithelo sika Moya khonapho? Um-hum. Bona? Nanko ke. Bona, hatshi isithelo sika Moya, hatshi ukukhuluma ngendimi, hatshi ukumemeza.

²² Wena uthi, “Ngakho, Mfowethu Branham, yibuphi ubufakazi? Yini ubufakazi?” Ukuvezwa kweLizwi ngehola.

²³ Babe lalo iBhayibhili. Yena wayeyikho xathu uJehovah owathi kuzayenzeka. Kakudingi ukuhumutsha. Kwahumutshwa khonapha. Nampaya abapristi bakho, nanko konke ababelakho, futhi konke okunye kuhleliwe njalo konke, kodwa kanjalo behluleka ukubona iLizwi. Futhi Yena wenza iLizwi lelo laphilela isizukulwane lesa. Yibo ubufakazi balesosizukulwane.

²⁴ ULuthela wayelobufakazi besizukulwane sakhe, uWesley obesakhe isizukulwane, iPentekhosti esayo isizukulwane, kodwa sikwesinye isizukulwane. Lezo zinto zinhle. Kodwa njengo sane, lulomunwe, ilihlo, futhi amakhala, kodwa ngemva kwesikhatshana kumele lube ngumuntu. Kumele lufike u—ukuba ngumntwana okhulileyo; ebesezalwa, ebelomphefumulo, umzimba, umoya, enelise ukuhamba.

²⁵ Manje sithola ukuthi, konke lokhu, uJesu watsho, futhi ingcosana nje, labo kuphela Yena abamisela eMpilweni, bambona Yena. Hatshi imbuthano emikhulu; EYakhe imbuthano yayingeke ifane lembuthano kaKhayefasi. Ngani, uKhayefasi wayengabiza ilizwe lonke ndawonye. UJesu wabiza abalutshwane nje ndawonye. Akusibo abanengi abamazayo Yena. Inkulungwane phezu kwenkulungwane, lapho Esiza emhlabeni, Yena wadabula emhlabeni, futhi kabazange bazi lokuthi Yena wayelapha.

²⁶ Ngakho kuzakuba njalo futhi! UZabuya kulabo ababizelwe eMpilweni. Yena uyazi labo ababizelwe eMpilweni. Futhi Yena kayi. . . KungoWakhe umlandu okunakekela lokho.

²⁷ Manje siyananzelela ukuba lapho baphuma ebandleni, futhi babemkholiwe Yena. Konke iLizwi elalikutsho Ngaye, nanko Waye yikho.

²⁸ Futhi ngolunye usuku Wasuka emzini wabo. Ngithanda ukukhuluma ngezinto ezintathu: UJesu wayesukile; ukufa kwakufikile; njalo lonke ithemba laliphelile. Ngifuna ukukhuluma ngalezo zinto okwemzuzu emilutshwane.

²⁹ UJesu wayesukile. Futhi lapho Yena esuka, uhlupho lwangena. Manje nxa Yena ekutshiya, kumbe ikhaya lapho ohlala khona, uhlupho lusendleleni. USathani ulomnyango ovulekileyo nxa uJesu esuka.

³⁰ Wayehambile, futhi esa—futhi esanda kwenzajalo Yena, ngakho ukufa kwangena. Futhi lapho uJesu ephuma, ukufa

kuyangena. Ukwehlukaniswa Kuye yikufa, ngakho ukufa kwangena lapho uJesu ephuma.

³¹ Futhi ukufa kwasala loLazalo. Ngakho ke Lowo ababemkholiwe njalo bamthanda, babethumele ukuthi Yena abuye athandazele uLazalo, ngoba babembonile Yena njalo bazi ukuba Yena wayesazi uNkulunkulu, ukuthi, “Loba yini, uNkulunkulu...” UMaritha wakatsho emuva ngale, “Loba yini Okutshoyo ku Nkulunkulu kathesi, uNkulunkulu uzakwenza.” Wananzelela ukuba Yena lo Nkulunkulu babe Munye. Yena wayeliLizwi lehola, ngakho wananzelela lokho. Futhi wayesazi, ukuthi nxa engenelisa ukumthinta Yena, kodwa Yena wayengekho futhi babengenelisi ukumbamba Yena. Futhi basebemthumela Yena, futhi, kulokuthi Yena abuye, Yena waqhubekela phambili. Futhibaphinda bathumela, futhi, kulokuthi Yena abuye, Yena waqhubekela phambili.

³² Kwesinye isikhathi siyamngala ingani into lezo zisenzeka, kodwa awutsho yini uMbhalo ukuthi, “Zonke izinto zisebenza ndawonye kube kuhle kulabo abathanda uNkulunkulu?” Yena uyakwazi akwenzayo. Nxa Yena ephuza, kukahle konke. UYazi akwenzayo Yena. Kwakule njongo.

³³ Sithola ukuthi Yena wathi, ku Johane oNgcwele 5:19, “Ngqiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ayenzi lutho ngoKwayo, kodwa lokho Yona ekubona kusenziwa nguBaba.”

³⁴ UBaba wayemtshelele Yena ukuya khatshana, lokuba khatshana insuku ezinengi kangako. Ngemva kokupheleliswa kwensuku, ngakho Yena watsho akutsho lapho, ukuthi, “Umngane wethu uLazalo ulele.”

Futhi wathi, “Kahle, wenza kuhle.”

³⁵ Wathi, “Ufile. Futhi ngenxa yenu ngiyathokoza bengingekho.” Ngoba, bebezama ukumthinta Yena ukuthi aye kuye, ukuzomsilisa kumbe atsho okwakumele kwenziwe. Kodwa Yena wayesazi okwakumele kwenziwe, ngakho Yena wayeyenze khonokho xathu Ayekumiselwe ukukwenza: ukuba ahlalele khatshana. Uma umnanzelela Yena ethuneni esephendukile. Wakubonakalisa lokho Yena ephendukile futhi wafumana lelikhaya.

³⁶ Lonke ithemba laseliphelile. ULazalo wayesefile. Lonke ihola, babelokhu becabanga, “Yena engabuya lapho. Yena engabuya lapho. Yena engaphenduka.” Ekugcineni, wafa, umphefumulo wawusuphumile.

³⁷ Baphuma, bamnqumisa, besusa igazi emzimbeni wakhe, bamgoqela ngamalembu, amakha, futhi bamwomisa njalo bambeka ethuneni, babeka idwala ethuneni, okwakungumkhuba wabo wokungewaba ngalezo nsuku. Igodi emhlabathini, kumbe nje edwaleni, futhi bavale ngedwala phezu kwalo, kwakungumkhuba wabo.

³⁸ Ilanga lakuqala ladlula, elesibili ilanga ladlula, elesithathathu ilanga ledlula, elesine ilanga ledlula, lundoda wayevele esebola kudala ethuneni. Amakhala akhe mhlawumbe ayesevele phakathi. Lokho, ngicabanga yinto yakuqala ukuwela, ngamakhala. Futhi wayesebolile kudala. Inyama Yakhe—yakhe yayisibuyele ethulini, lomhlaba, kumbe isibuyela. Umphefumulo wakhe wawulensuku ezine kwenye indawo, usuke kuye.

³⁹ Lonke ithemba lokumbona futhi, kulimpilo, kwakungasela. Manje ke lonke ithemba seliphelile...Babelindele, “Mhlawumbe Yena uzabuya ngelanga lakuqala, ngelanga lesibili!” Hatshi. Ngakho wasesifa, futhi Yena kabuyanga. Ngakho ukutshisekela kwangena.

⁴⁰ Ngemva kwesikhatshana omunye ingxenye wantshela, “INKosi iphandle.” Wasibathela uMaritha esehla ngesitalada!

⁴¹ UJesu wafika kulelo hola elimnyama lapho lonke ithemba kungasela. Yikho lapho ajwayele ukufika khona Yena. Bona? Yena uza nje kuleso isikhathi esimnyama kakhulu, ngakho uJesu ubonakala endaweni.

⁴² Manje khangela, Yena wafika futhi wabiza uMaritha. Ukubakhona Kwakhe kwaletsha ithemba elitsha. Kungelani lokuthi umfana wayefile, lokho ukubaKhona Kwakhe kuletha ithemba elitsha.

⁴³ Ungabe uhlezi lapha ngalobu busuku, mngane wami, lapho odokotela sebekudelile, ulemvukuzane, uhlupho lwenhliziyo. Mhlawumbe usesitulweni, ugogekile, yonke isayensi ithe akula themba lakho; ukubuthana kwe calcium soku—soku bophe awakho—awakho—awakho amathambo, kuze kuthi awenelisi ukuwagobisa futhi. Kumbe, sithi eyakho—eyakho inhliziyu yonakele kakhulu, udokotela uthi unгахamba loba yiwuphi umzuzu. O, futhi amaxuku amakhulu abantu abalemvukuzane le TB, mhlawumbe lithemba lokucina olalo, futhi kungani udokotela usekudelile. Kodwake, ukuba seBukhloneni lokunanzelela uBukho buka Jesu Khristu, kuletha amathemba njalo.

⁴⁴ Omunye engakuqambela lona. Mhlawumbe kawukaze uzwe ngalo ekuqaleni, kodwa yekela omunye athi, “ngiyakwazi lapho okulebandla, bakholwa kuNkulunkulu njalo bayathandazela abagulayo,” masinya (Manje, usulungiselele ukufa. Bona?), amathemba amatsha ayavumbuluka. Kwenzanjalo kanengi. Kulelo hola elimnyama, yilapho omunye ajwayele ukutsho ulutho ngakho, ekutshela ngoJesu. UBukho Bakhe baletha amathemba amatsha.

⁴⁵ Makwenze into efanayo kulobubusuku, njengalokho okwenzakaleyo ubusuku obedluleyo. Lapho sibona lelo Lizwi eliqinisiweyo ngaphezu kwethunzi lonke lokuthandabuza, lenziwe sobala, futhi lifakaza ukuba *lowo* Jesu owaphila

iminyaka ezinkulungwane namakhulu ayisificaminwe munye edlulayo, owafa eKhalvary, wavuka ngosuku lwesithathu, futhi wabonakala kulabo bafundi njalo wavula amehlo abo, futhi wenza lesi isithembiso sosuku, ulapha kathesi ebusuku ebukhweni bethu manje, kufuze ukuletha amathemba kubantu. Amathemba amatsha ayabaneka.

⁴⁶ Mhlawumbe omunye uthe, “Ibandla belingani lomile okwesikhathi. Besingela ngitsho lamanzi amahle amatsha okwe—okwe—okwenyanga ezimbalwa. Asizange sibe lemvuelelo. Kungani wonke umuntu umile mpo, kumbe into ethile. Siyahamba nje ebandleni futhi sihlabelele ihubo, futhi—futhi sizwe embalwa imbiko njalo sibuyele.” Kodwa ngesikhathshana, ngakho, lapho siqala ukoma, ngakho uJesu uyafika endaweni, asivuselele thina, asilethele okunye okutsha thina. Yena uhlezi ekhona ukukwenza lokho. Amathemba amatsha aza lapho—lapho uJesu engena. UBukho Bakhe buletha ithemba elitsha.

⁴⁷ Wayesazi ukuthi Yena wayeyilelo iLizwi likaNkulunkulu elibonakalisiweyo. Wayebonile lesi sizukulwane. Kumbe, nxa wayengazi, wayezabe elokhu engowoMkhuba. Wayezabe elokhu engowebandla. Kodwa wayebone lelo Lizwi elithenjisiweyo. Wayebone lelo Lizwi elithenjisiweyo libonakalisiwe Nguye futhi wazi ukuthi Yena wayeyi lelo Lizwi eliphilayo. Futhi lapho esizwa ngakho, kazange abe lendaba ukuba bangaki abamchothozayo, loba ini, wagijimela Kuye masinyane ngokwenelisa kwakhe. Bona? Wayesazi Yena wayeliLizwi elibonakalisiweyo.

⁴⁸ Kungela kuthandabuza kodwa ukuba wayebalile indaba kaElija ngensuku zakhe. Manje, wayeliLizwi likaNkulunkulu elibonakalisiweyo kulolosuku. Wayengu mprofethi, njalo iLizwi leNkosi liza kumprofethi. Futhi kwakukhona owesifazane khonapha owayelengane ayeyiphiwe ngesibusiso umprofethi ayembusise ngaso, futhi waba laye lomntwana.

⁴⁹ Ngelinye ilanga, phose ngehola letshumi lanye, ingxenye watshiswa lilanga. Wayephandle ensimini elobaba wakhe, iBhayibhili alitshongo ukuthi kwakuyikho, ukuthi watshiswa lilanga, kodwa waqala ukukhala, “Ikhandi lami! Ikhandi lami!” phose ngehola letshumi lanye esukwini. Futhi wayelenceku, ubaba wayelayo, yokumhambisa endlini. Walala ethangazini lika mama wakhe kwaze kwaba phose emini, wagula kakhulu futhi kakhulu, futhi ekucineni wafa.

⁵⁰ Futhi manje, kulokuthi adane, o...bonke omakhelwane beza beklabalala lokuqubeka, kodwa lowo mama ogxilileyo, usane lwakhe lwalufile, waluthatha waluyisa endlini leya encane ayeyilungisele umprofethi, futhi wamlalisa embhedeni wakhe, njenga *lokho*. Futhi wathi encekwini, “Bophela imbongolo, njalo

utshayele uqonde, futhi ungami ngaphandle ngikutshele mina.”
O, mina! Yikho lokho!

⁵¹ Asila sikhathi sempikiswano lokulwa. Lokhu sokwedlule usuku lwakhona. Kasiyeni phambili. Kumele sifike khona. Silayo indingeko.

⁵² Futhi ke wathi, “Wena yanaphambili, njalo ungami ukutshayela ngaphandle ngikulayele ukuba ume.” Futhi bahamba baze bayafika kuElija.

⁵³ UElija, engumuntu kaNkulunkulu, engafani loKhristu; uKhristu wayesazi into zonke, ngoba Yena waye nguNkulunkulu. UElija wayeyingxenye kaNkulunkulu. Lowo kwakungu Khristu ku Elija. Futhi lowo kwakungu mbiko wehola, ngokuba iLizwi likaNkulunkulu elalelo hola lalilomphrofethi lowo.

⁵⁴ UJesu wayeyikugcwala kwabo bonke labo abaprofethi, wonke wabo wabonakalisa Yena kuphela. Yikho konke. Kusukela kuJosefa, kusuka kuzicoco zesiliva ezingamatshumi amathathu, yonke indawo, wa—wafanekisa uKhristu. Wenza njalo loMose!

⁵⁵ UDavid, ehlezi njenge nkosi eyaliweyo phezu koqaqa, ebubula ngoba eyaliwe. Iminyaka engamakhulu ayisificaminwembili emva kwalokho, iNdodana kaDavida yahlala eqaqeni. Lowo kwaku nguMoya kaKhristu kuDavida lapho. Futhi Yena...Mina! Yena wayeyikho konke Impande leNzalo kaDavida. Futhi ke Yena wahlala phezu koqaqa, ebubula, njengeNkosi eyaliweyo, “Jerusalema, Jerusalema, ngabe ngakusibekela kanjani, njengesikhukhukazi ematsiyaneni aso.” Kwakuyikuyini? Kwakungu Khristu emuva ngale.

⁵⁶ Kwakungu Khristu ekhala lapho uDavida ebhala ihubo, “Nkulunkulu wami, Wena ungitshiyeleni Mina na? Wonke amathambo Ami, angikhangele Mina. Bagwaze inyawo Zami le zandla Zami. Bagobane izambatho Zami phakathi kwabo. Benze inkatho ngengubo Yami.” Lowo kwakungu Khristu ekhuluma kukaDavida. Kuqondile. Yena wayeyikubonakaliswa kweLizwi. UKhristu weza ukugcwalisa lezo zinto ezakhulunywa ngabaprofethi, ngoba iLizwi lali labaprofethi.

⁵⁷ Yena watsho njalo esifundweni izolo ebusuku, ukuba Yena weza ukugcwalisa lokho okwatshiwo ngabaprofethi Ngaye, ngoba babe leLizwi. Futhi uElija wayengumphrofethi kaNkulunkulu, iLizwi lalolosuku.

⁵⁸ Ngakho owesifazane ongumShunemi wahlala lalowomprofethi waze wabuya njalo wabonakalisa amandla kaNkulunkulu, futhi walala phezu kwengane, lengane yaphaphama yaphila.

⁵⁹ Manje uMaritha wayemele ekunanzelele lokhu, loba wayephathekile enakelela indlu, egezisa imiganu, futhi

lokunjalo. Kodwa lapho watshengisa umbala wakhe. Watshengisa sibili okwakuphakathi kwakhe. Wayamthatha Yena masinyane. Nxa uNkulunkulu wayeku Elija, uNkulunkulu wayemele abe kuKhristu, ngoba Yena wayefakazele ukuthi Yena waye nguye lowoMuntu. Amen. Ngikuthanda lokho, ukunxwanela okunjalo! Uya Kuye. Wayemele ayeKuye. Futhi wafumana ngale, efika Kuye—Kuye; manje khumbula, wazi ukuthi Wayengazange aguquke, ukuba uNkulunkulu kangeke wantshitsha uhlelo Lwakhe. Nxa Wayeku Elija futhi engavusa abafileyo, Yena wayeku Khristu njalo engavusa abafileyo, loba Yena wayengakakwenzi, ngoba nguNkulunkulu ofanayo.

⁶⁰ Lakathesi Yena kakatshintshi! UnguNkulunkulu kangako ebusuku lobu njengoba Yena wayenjalo. Yena ungo fanayo izolo, namuhla, laphakade. Yena kaguquki.

⁶¹ Futhi Yena wazi ukuthi uyakwazi kwakuKuye. Khangela, emzuzwaneni kwafakaza khona, lapho ekhulume okunye Kuye ngomfowabo, futhi wathi, “Nkosi, Ngi—Ngiyakholwa Wena nguwe.”

⁶² Futhi Yena wathi, “NgiyikuVuka le Mpilo. Loba ebefile, kodwa uyakuphila. Futhi loba ngubani ophilayo njalo ekholwa Kimi kasoze afa. NGINGUYE.” Ngu ngiNGUYE owayesesixukwini esibhebhayo, loMose. “Yimi uKuvuka. NgiyikuPhila. NganginguMduli. Lokhu kuYimi. Yimi uKuvuka lokuPhila. Lowo okholwa Kimi, loba ebefile, kodwa uzakuphila. Loba ngubani ophilayo njalo ekholwe Kimi, kasoze afe.” Ngemva kwalesi siqiniseko esikhulu ayelaso, ukuthi Yena wayeliLizwi elithenjisiweyo; etshilo Yena, enguMprofethi, Wayengeke aqambe amanga; ngakhoke Yena, etshilo Yena, “Yimi engiNguye. Yimi engiyikuVuka leMpilo.”

⁶³ Wathi, “Ngiyakholwa ukuthi Wena uNguye, iNdodana kaNkulunkulu okumele ibuye emhlabeni. Loba umfowethu efile, elele ngale ethuneni, use...umzimba usubola manje; kodwa loba kathesi, loba yini Wena okutshoyo, kuzagcwaliseka.” Kulungile!

⁶⁴ Ayekufuna kuphela yikumuzwa Yena ekutsho! Amen. O, Maritha, singaphi ebusuku lobu? “Khuluma nje iLizwi; inceku yami iyaphila!” Ukumuzwa nje Yena ekutsho! Bengabe babuya bamtshela ukuthi Yena utshonjalo, kodwa nangu Yena uQobolwakhe. O Nkulunkulu, vula amehlo angaboniyo, ukuze enelise ukubona! Lapho Yena, eseBukhloneni Bakhe, ekhuluma iLizwi, lihlezi libonakaliswa.

⁶⁵ Wathi, “Lobayini Wena oyicela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzakunika khona Wena. Yekela ngizwe nje!” Wayefuna Yena akhulume iLizwi. Yikho kuphela ayefuna ukukuzwa. Ukuthola nje iLizwi, yikho kuphela ayekudinga, ukumuzwa Yena esithi uzakwenza.

66 Futhi Yena wayengakwenza khonapho, kodwa, uyabona, ngombono uBaba amtshengisa wona Yena, Yena kwakumele ebeme celeni kwethuna. O, mina! Bamba ukholo lwakho! UNkulunkulu usebenza konke kulungile. Konke kuzalunga. Mana nje aze afike ethuneni.

67 Nanzelela, wayengamenza nje Yena akutsho, loba lapho ese... Ithemba lonke liphelile, konke konke. Wayefile, esebola engcwabeni, kodwa muzwe nje Yena ekutsho, yikho kuphela ayekufuna.

68 Manje Yena esithi, “NgiyikuVuka lokuPhila,” wakukholwa. Wakukholwa. Manje nanzelela, manje kwakumele akholwe okungayenzekiyo, emuzwa lapho Yena esithi, “NgiyikuVuka lokuPhila. Loba ebefile, kodwa uyakuphila, futhi lobanguphi ophilayo njalo akholwe Kimi kasoze afa.” Wathi, “Uyakukholwa lokhu?”

69 Futhi wathi, “Yebo, Nkosi, ngiyakukholwa. Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu eyayizabuya emhlabeni.” Ngiyakuthanda lokho. Ngiyakuthanda lokho.

70 Ngi—Ngikengakutsho lokho kuqala. Kungama njalo lamanje. Ngangikhuluma lowesifazane esikhathini esingaside esedluleyo, kwakulibandla elithile engiliqambe isikhatshana esedluleyo, abangakholwa ukuthi Yena wayenguNkulunkulu, UbuNkulunkulu Bakhe; Yena wayengumprofethi nje, umuntu kazana.

71 Yena wayeyilokho, ngeqiniso. Yena wayeyilokho, kuhlanganisa uNkulunkulu. Bona, Yena wayeyikubonakaliswa. UJesu ngumzimba, uMfana, iNdoda; uNkulunkulu nguye owayehlezi Kuye. UNkulunkulu wayeKuye. WayenguNkulunkulu—muntu. Wayengu Muntu, ngokunjalo Yena enguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. Lapho sibona uJesu, sibona uNkulunkulu. Yikho Yena akutshoyo, “Nxa ubona uBaba... bona Mina, ubona uBaba.” Ngoba, Yena wayeyisibonakaliso, ngoba Yena wayeliLizwi, ameni, elalikhona ekuqaleni. Ameni.

72 Wabiza abaprofethi, “nkulunkulu.” Uyakwazi lokho na? Yena wathi, “Libabiza ‘nkulunkulu’ okwafikela kubo iLizwi likaNkulunkulu. Lingangilahla njani Mina lapho ngisithi, ‘NgiyiNdodana kaNkulunkulu?’”

73 Ngoba, iLizwi elifanayo lathi Yena uzakuba khona, njalo nanto iLizwi lenziwe labonakaliswa njalo. Futhi kunjalo abalikhohlwanga.

74 Lumfazi wathi kimi, “Ngingakutshengisa.” Wathi, “Ngiyathanda ukukuzwa utshumayela, kodwa kulento eyodwa oyenza udlulise.”

“Yebo, kuyini lokho?”

Wathi, “Uyazigqaja kakhulu ngoJesu.”

⁷⁵ Ngathi, “Ngithemba yikho kuphela Yena azangisola ngakho mhla Yena esiza.” Futhi wabesesithi. . . Ngathi, “Ngithemba yikho konke Yena angakuthola, iphutha Yena angalithola kimi.” Ngathi, “Nxa ngingaba lezilimi eziyinkulungwane ezilitshumi, angeke ngikhulume kwanele, o, mina, lokho ayikho Yena!”

Wathi, “Kodwa, wena, umenza Yena uNkulunkulu.”

⁷⁶ Ngathi, “Yena wayenguye. Kumbé, nxa Yena wayengenjalo, Yena wayengumkhohlisi omkhulu owake wabasemhlabeni.”

Wathi, “Yena wayengu mprofethi.”

⁷⁷ Ngathi, “Yena wayengu Mprofethi, liqiniso: UNkulunkulu-mprofethi, ukugcwala kweLizwi. ILizwi lalifikela kumprofethi, yikho okumenza—okwamenza umprofethi. Kodwa Yena wayeyikugcwala kwaleloLizwi.”

⁷⁸ Futhi wayesesithi, “Ngingakutshengisa.” Wathi, “Umenza Yena uNkulunkulu.”

Ngathi, “Wayengu Nkulunkulu.”

Futhi wayesesithi, “Angeke abenguNkulunkulu.”

Ngathi, “Yena . . . Kodwa Yena wayenjalo.”

Wathi, “Uthe uyakholwa iBhayibhili.”

Ngathi, “Ngiyalikholwa.”

⁷⁹ Wathi, “Ngizakufakazela, ngeBhayibhili lakho, ukuthi wayengasiNkulunkulu.”

⁸⁰ Ngathi, “Kwenze. Nxa iBhayibhili lisitsho njalo, ngizakukholwa lokho, ngoba ngikhulwa iLizwi liqondile.”

⁸¹ Wathi, “Endleleni esuka esehla esiya ethuneni likaLazalo, uyakukhumbula lokho kuJohane ONgcwele 11?”

Ngathi, “Ngeqiniso ngiyakhumbula, nkosazana.”

⁸² Wathi, “Kukahle, manje, endleleni, Yena wakhala. IBhayibhili lithi, ‘Yena wakhala.’”

Ngathi, “Qiniso, iBhayibhili lithi Yena wakhala.”

Wathi, “Yena engaba nguNkulunkulu njani ebesekhala?”

Ngathi, “Yena wayengumuntu.”

“Umuntu loNkulunkulu?”

⁸³ Ngathi, “Yebo, khosikazi. Uyehluleka ukubona. Yena wayengu—ngumuntu ehamba esiya khona, ekhala lalabo ababekhala, yikho sibili, edabuke lalabo ababedabukile. Wayengumuntu. Kodwa kwathi eqondisa owakhe omcinyane, umzimba obuthakathaka, futhi wathi, ‘Lazalo, phuma uze,’ njalo umuntu obefile amalanga amane, wama ngenyawo zakhe. Lokho kwathatha okwedlula umuntu, lowo kwakunguNkulunkulu eMuntwini.” Ngubani ongavusa abafileyo, ngaphandle kukaNkulunkulu? Yena uyikuVuka lokuPhila! Yikho sibili.

⁸⁴ Lobobusuku phandle elwandle, lapho Yena ekhonapho, ediniwe, elele emuva kwesikepe, lapho amadimoni ayinkulungwane ezilitshumi afungela ukumgalulisa Yena ebusuku lobo, futhi laleso sikepe esincinyane esidala sindenda njenge sivalo sembodlela phandle le elwandle olulesiphepho. Lawo madimoni acabanga, “Simtholile Yena manje. Yena ulele; sizatshonisa ixuku lonke.” O, Yena wayengu muntu, ediniwe, kodwa lapho evuswe kanje, Yena wamisa unyawo Lwakhe phezu kwentambo, futhi wakhangele phezulu njalo wasesithi, “Ukuthula, makubekhona,” futhi imoya lamagagasi kwamlalela Yena. Kwakusedlula umuntu lokho.

⁸⁵ Yena wayengumuntu lapho Yena elambile, wehla evela entabeni, edinga ucezu lwesinkwa kumbe enye into yokudla, kumbe umkhiwane esihlahleni. Kodwa kwathi Yena ethatha amabhisikiti amahlanu lenhlazi ezimbili, lokupha inkulungwane ezinhlanu, kwakunguNkulunkulu kulowo Muntu. Yikho sibili.

⁸⁶ O, wonke umuntu ongasi-lutho wakukholwa lokho, zonke imbongi zakukholwa lokho. Akumanmgalisi omunye wabhala:

Ephila Yena wangithanda; njalo esifa, Yena wangisindisa;
Engcwatshiwe, Wathwalela khatshana izono zami;
Evuka, Walungisisa ngesihle kokuphela;
Ngelinye ilanga Yena uyeza, O usuku lwenkazimulo!

⁸⁷ UEddie Perronet, ongoma zakhe zazingathengiseki. Ngelinye ilanga, ediyazela ngaphansi kwamandla kaMoya oNgwcele, wadobha usiba, wabhala ingoma yokuvula, lapho ebhala:

Sonke sidumise amandla Ebizo likaJesu!
Yekela Ingilosi zicambalale phansi;
Letha umqele wobukhosi,
Mqelise Yena INkosi yabobonke!(Haleluya!)

⁸⁸ Qiniso, yikho esikholwa wayeyikho Yena. Yebo, mnumzane.

⁸⁹ Kumele akholelwe okungenzekiyo manje, emcabangweni wesimanje salolosuku. Yikho kumele ukholelwe kokungeke kwenzeke, ukuze ubone entsha iMpilo, ukubona enye into isenzakala. Kodwa nxa Yena wananzelela...Wamnanzelela Yena ukuba yiLizwi, lapho okungenzekiyo kungenzeka, ngoba unguMdali, njalo uzakuma ngakho konke akutshoyo Yena.

⁹⁰ “Futhi zonke izinto ziyenzeka kulabo abakholwayo.” Yilo iLizwi Lakhe. Kodwa okungenzekiyo kuyabonakaliswa lapho uNkulunkulu ethathwa ngeLizwi Lakhe. Yebo, mnumzane. Lapho uNkulunkulu ethethwe ngeLizwi Lakhe, okungenzekiyo ku—kuyabonakaliswa. Lapho uNkulunkulu esithi kuzakuba,

ngakho uyathatha leloLizwi futhi ukhangeleni, okungenzekiyo kusenzeka. Ngeqiniso kuyenzeka.

⁹¹ Kodwa nanzelela, loba kukho konke lokhu, wathi, “Loba manje, Nkosi, loba yini Oyicela uNkulunkulu, uNkulunkulu uyakwenza.” Wayesazi ukuba uzenza lelo Lizwi liphume livela Kuye. Yikho kuphela okwakudingeka ukwenza, ukuthola leloLizwi. Yebo, kwakulihola lakhe elimnyama kakhulu, loJesu weza njalo wabiza. O, into enjani abayibonayo, ukuvuka!

Kasikhangeleni abanye njalo abafikelwa lihora elimnyama.

⁹² Kwakukhona indoda kwesinye isikhathi, ethiwa nguJobe, omunye wabaprofethi abadala eBhayibhili. Wayeyi ndoda enkulu. Waye—wayeyithandile iNkosi, futhi wenza konke ayekwazi ukukwenza. Futhi uSathani wafisa ukumsesetha, ngakho wathi kuNkulunkulu ngelinye ilanga... Yebo, uNkulunkulu wathi kuye, ngizama ukuthi, “Ubungaphi, Sathani?”

⁹³ Wathi, “O, bengihamba-hamba futhi phansi-phezulu emhlabeni.”

⁹⁴ Wathi, “Uke waqaphela inceku Yami uJobe? Akula onjengaye emhlabeni. Uyindoda epheleleyo.”

⁹⁵ “O,” wathi, “qiniso, Uyamupha konke, umenzela konke. Qiniso, uyindoda enkulu. Kodwa yekela ngimthathe kanye, ngizatshintsha icaco. Ngizamenza akuthuke Wena, ebusweni Bakho.”

⁹⁶ Wathi, “Awungeke wenze lokho.” Lithemba Lakhe kokholwayo. Yindaba? Yena Kalinganiswa. Yena ngunaPhakade. Yena uyazi isiphetho kusukela ekuqaleni. Wazi uSathane wayengeke akwenze. Ngoba, Yena uliLizwi, Wazi ukuthi uJobe uzenzani.

⁹⁷ Manje, khumbula, uJobe, wamkhawulisa ngamathumba, wabulala abantwana bakhe, wathatha konke ayelakho. Impilakahle kwakungasela. Loba abamduduzayo beza, futhi abenzanga lutho kuphela nje ukumethesa ukuba yisoni sensitha. Futhi uJobe omdala wafika esimweni waze wahlukuluzeka kakhulu.

⁹⁸ Kumele ungene ekuhlukuluzweni, kuqala. Kumele ufike esikhathini sokuthi usuphelelwe.

⁹⁹ UJobe wafika lapho aphelelwa khona, lapho esithi, “Luqalekisiwe usuku engazalwa ngalo. Sengathi ilanga lingaveli likhanyise, futhi sengathi inyanga ingakhanyisi ebusuku, sengathi lebizo lingabizwa.” Futhi ekuhlukuluzweni lokho, uJesu wafika. Wakhangela phansi, njalo wathi, “ngiyabona, njengomuntu, iluba liyafa, futhi liyavuka njalo entwasa. Nxa isihlahla siphephetheka phansi, siyavuka njalo ngephunga lamanzi.” Wabona impilo yonke yezilimo iphila njalo, kodwa wathi, “Umuntu uyalala phansi, abe sesifa,

ungaphi?” Wazi ukuthi wayesengu muntu omdala. Wathi, “Amadodana akhe ayabuya ezomkhalela, futhi kakuboni. O, ngabe Wena uyangifihla engwabeni njalo ungigcine endaweni esensitha, kuze kudlule ulaka Lwakho. Ngimisele isikhathi futhi ungibekele isikhathi. Sahamba...” Futhi eqhubeka kanjalo, ekhuluma. Wayesesekucineni, kokuhlukuluzeka kwakhe, “Kuzenzakalani? Amahlamvu ayaphila, ayaphenduka ezihlahleni, amaluba ayaphenduka futhi, konke okunye kuyavuka, kodwa umuntu uyalala njalo afe!” Wayephakathi kokuhlukuluzwa. Kazange abekwazi okwakuzenzakala kuye, njalo esemdala kangako.

¹⁰⁰ Lapho enze njalo, ngakho uJesu weza. UNkulunkulu wakhombisa ikhanda lakhe esibhakabhakeni, njalo wasebona uJesu esiza ensukwini zokucina.

¹⁰¹ Lelo hola elimnyama kakhulu lapho umfazi wakhe wathi, “Qalekisa uNkulunkulu ubesusifa ukufa,” kunjalo wathi, “Mfazi, ukhuluma njengo mfazi oyisiwula. INkosi iphile, leNkosi yaphinda yathatha, kalibusiswe iBizo leNkosi.” Loba inkosikazi yakhe yamala. Ibandla lakhe lamala. Wonke umuntu wamala.

¹⁰² Kulelo hola elimnyama, lapho engazi ukuthi uzaqonda ngaphi esuka lapho, uJesu wafika. Ngakho wamemeza kakhulu, “Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila, lensukwini zokucina Yena uzakuma emhlabeni. Futhi loba ngemva kokuba impethu zichitha lumzimba, kunjalo enyameni yami ngizambona uNkulunkulu, Yena ngizazibonela ngokwami.” Eholeni lakhe elimnyama kakhulu, ngakho uJesu wafika. Yebo, mnumzane.

¹⁰³ UMose, kuMose, ihola elimnyama kakhulu lamfikela koIsraeli. Wayeqondile esemsebenzini; wahlangana loNkulunkulu phezulu ngale esixukwini, futhi wathi, “YIMI UNGUYE.” Wahamba futhi walwisa phakathi kwemihlobo yonke yokulingisela kukaJanisi lo Jambresi, bezama ukulingisela umsebenzi wakhe. Konke lokhu, wama eqinisekile kuNkulunkulu. Wacina wenza uIsraeli wakholwa. Futhi nangu ephuma eGibhithe, esenyukela e—ezweni lesithembiso, lapho uNkulunkulu wathi, “Lizangikhonza Mina kulintaba.” Kwakuli Lizwi likaNkulunkulu lelo. UMose wayesazi kwakumele aye kuleyontaba. Amen. UNkulunkulu watsho njalo! Akula Faro ongambulala. Akula demoni elingambulala. Akulanto engambulala. Uza kuleyo ntaba. Amen! Haleluya! Ngizwa ngikholekile. Uya kuleyo ntaba.

¹⁰⁴ Ngakho lathi sisendleleni siya eNkazimulweni! Akulanto ezasimisa. Hatshi, mnumzane. UNkulunkulu uzafakazela iLizwi Lakhe. Angilandaba ukuthi kwenzakalani, Yena uzakwenza, kungelani. Yebo.

¹⁰⁵ Esindleleni yakhe, khona endleleni yomsebenzi. Nangu la, ecindezelwe phakathi kwezintaba. Uyalalela futhi

ebesesizwa umdumo ngemva kwakhe. Kuyini? Inqola zikaFaro, ngezinkulungwane, zisiza; zihlomile lemikhonto, lezinto, ukuzoba nyathela lokuba fithizela phansi. Nanto uLwandle oluBomvu, lwaluquma phambi kwakhe. Wenzani? Wangena eku . . . Wangena ekuhlukuluzweni. Abantu bonke beklabalala, “O, sakhawulamanje. UFaro uzasibulala, inkemba zakhe zizasigwaza. Ingane zethu zizafela lapha enkangala.”

UMose wakhala, “O Nkulunkulu!”

¹⁰⁶ Futhi ke UJesu wafika endaweni. Yena wayeyi Nsika yoMlilo. Yikho kanye. Yena wehla futhi wazilengisa Yena phakathi kwakhe lengozi. Ameni. Yena nguye uMxuseli wethu. Yena nguye umaMela-phakathi, ameni, uMxuseli. Yena wema lapho, emile lapho; ubumnyama kwabase Gibhithe, labo ababesiza bezozama ukwenza ulutho ngakho. Yena waba yikuKhanya kubo, ukuthi bedlule. Ngakho ekuseni umoya usuvunguza kakhulu, lobobusuku, ngakho wenzani Yena? Wayezile Yena esimweni seNsika yoMlilo.

¹⁰⁷ Khumbula, Yena ulokhu eyileyo Nsika yoMlilo. Yebo, mnumzane. Lapho Yena esemhlabeni, Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, njalo Ngibuyela kuNkulunkulu.”

¹⁰⁸ Futhi emva kokufa Kwakhe, ukungcwatshwa, ukuvuka, lokwenyuka; uPawuli oNgcwele, esendleni esiya eDamaseko, watshayelwa phansi yileyo Nsika yoMlilo. Khumbula, wayengumHebheru. Wayengeke athi lokhu. . . Wathi, “Nkosi, Ungubani Wena?” Ibala elikhulu N-k-o-s-i, Elohim. “Ungubani Wena engikuzingelayo?”

Yena wathi, “Ngingu Jesu.”

¹⁰⁹ Ameni! Haleluya! Yena uyiku Qala lokuCina. Ulokhu engofanayo. “Kuseyisikhatshana lomhlaba Mina kawungiboni, kodwa lizangibona Mina. Ngizakuba lani, futhi kini.” INsika yoMlilo efanayo, uNkulunkulu ofanayo esenza into efanayo, ngesithembiso esifanayo, ameni, esenza libonakaliswe iLizwi Lakhe. “NgiyikuVuka lokuPhila. NgiNguye lowo Owayekhona, Lowo Okhona, laLowo Ozakuza.” Yebo, mnumzane. Yeye.

“Okhokho bethu badla imana enkangala.”

¹¹⁰ Yena wathi, “Bonke, bona, bafile. Kodwa, YIMI LOWO ENGINGUYE.” Mose. . . Esixukwini esibhebhayo, lowo kwaku NGUYE. Yena ulokhu ENGYE, hatshi Owaye; ENGYE, okhona, sonke isikhathi.

